

W O H ISIQEPHU 113

JEN – ZOE – NOMUSA

TAMMY – PHILILE

THANDIWE

Umculo:

Nomusa: Ngiyakubingelela mlaleli egamnei likaJesu iNkosi yethu. Siyakwamukela ohlelweni lwabesifazane esilulethelwa abakwa Trans World Radio, olubizwa ngokuthi, “Abesifazane Abanethemba.” Angihambi ngedwa-ke, njengokujwayelekile bakhona odadewethu uPhilile nodadewethu uThandiwe. Ngiyakwethembisa mlaleli, izimpendulo zemibuzo ohlala uzibuza yona izophenduleka namhla-nje.

Mlaleli, ngiyakholwa ukuthi usuyazi manje ukuthi, kwenzekani uma kukhona ukungaboni ngaso linye emndenini....akuthokozisi ngempela. Mlaleli, noma ngabe kuza ngaluphi uhlobo, ngabangani, amalunga omndeni, akujabulisi. Mina ngiyaswaba uma kuqala ukungaboni ngaso linye, ngaphandle-ke uma nami ngiyingxenye yaleyonkulumo. Uma kunjalo-ke, ngiyaqaphela ukuthi, ngingadinwa bese ngikhuluma amazwi engizozisola kamuva uma sengiwashilo.

Mlaleli, sonke siyadinga ukukhunjuzwa ukuthi singayixazulula kanjani inkinga yokungaboni ngaso linye njengoba kuyinto engabekezeleki. Mlaleli, ukhona –ke udadewethu uPhilile, ozosisiza kulesisifundo sokuxazulula inking yokungaboni ngasolinye. Akesilalele nanku umculo omnandi.

Umculo:

Mlaleli, waze wabamnandi umculo, ngiyethemba uwuthokozele. Sonke mlaleli sinezinto ezisihluphayo empilweni. Abanye banenkinga yokufunda, abanye bokunye nokunye. Lokhu kwenzeka noma inini ngoba akekho ongenaphutha. Kodwa-ke kwenzekani kumuntu onenkinga yokufunda, lokhu okumkhinyabeza ekuqhubekeleni phambili nempilo? Ayi-ke nangu udadewethu uThandiwe usekhona, uzosilethela isifundo maqondana nomuntu onenkinga yokufunda.

Woza-ke sisi.

Thandiwe: Ngiyabonga dadewethu Nomusa. Ngiyakubingelela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Mlaleli, isihloko sesifundo engizokhuluma ngaso ileso engikhulumile ngaso ngokudlule, sithi:

INKINGA YOKUFUNDA. PART 2

Mlaleli, esifundweni sethu esedlule, safunda ngesipho sethu esihle uNkulunkulu asipha sona sokufunda. Inggondo yethu yakhiwe kahle futhi ngokwahlukile. Kubekeka kalula-nje, inggondo yethu ikhula ngesikhathi umama ekhulelwe. Kunemizwa-ke nayo ekhula Kanye nayo eyisiza ukuthi ikwazi ukuxhumana neminye imizwa. Uma umntwana esezelwe, iya ngokukhula nayo ngenxa yezinto esizibonayo nezisehlakalayo. Inggondo yethu inezingxenywe ezimbili, engakwesokudla nengakwesokunxele, ileyo naleyo ngxenye inomsebenzi wayo.

Imizwa yona iyehla iyeniyuka phakathi kwalezingxenywe zombili zengqondo, izisiza ukwenza kahle umsebenzi ezidalelwe ukuwenza. Kwesinye isikhathi lezingxenywe zengqondo kuyenzeka zingaxhumani kahle, ngalendlela okufane zixhumane ngayo bese zenza kubenzima ukufunda. Kwesinye isikhathi kudalwa ukungathumeli kahle kwemizwa, imilayezi ezingxenyeni zombili zengqondo. Ngakho-ke ukungafinyeleli kahle kwalemilayezi kudala inkinga ekufundeni odokotela abakubiza ngokuthi, LD.

Mlaleli, okubalulekile ukuthi, abantu abanenkinga yokufunda, bayafana nabanye abantu. Indlela abezwa nababona ngayo ayinankinga, abakhubazekile kukho. Kwesinye isikhathi bahlakanipha kakhulu, kwesinye isikhathi bahlakaniphe kancane. Kodwa okumangalisayo ngabo, bayakwazi ukumela abanye. bafunda ngendlela ehlukile futhi nezinto ezenzeka ezweni bazibona ngendlela ehlukile kunabanye abantu. Benza izinto ngendlela engajwayelekile.

Kujwayelekile ukuthi babadide abantu bomndeni, abantu bomphakathi kanye nontanga yabo. Abantu abanengi bababona ukuthi kukhona okungalunganga, ngabakwenzayo uma bekhula. La abanenkinga yokufunda, bababona ngezikhathi zonke. Bababona njengezahluleki, bengafani nabo. Mlaleli akufanele ukuthi kube kanjalo. Njengoba siqhubeka sifundisana, sizofunda ukuthi singabasiza kanjani.

Indlela enhle yokusiza umuntu onenkinga yokufunda ukuthi, umtholele ozomfundisa kwabanemfundo ephakeme.uma ungakwazi ukubathola, funa ongafundisi-nje kuphela. Ukufundisa nokufunda akukhona-nje kuphela okudingwa onenkinga yokufunda. Badinga usizo olwehlukile, oluzosiza imizwa ukuze ikwazi ukukhulisa ingqondo. Uma uhlala endaweni lapho bengekho khona abafundele ukusiza abanenkinga yokufunda, yini ongayenza?

Mlaleli, esifundweni esilandelayo, ngizokufundela ngongakwenza okubhalwe encwadini ebizwa ngokuthi, “ A PARENT’S GUIDE TO LEARNING DISABILITY; UNDERSTANDING AND HELPING YOUR CHILD” ebhalwe ilaba, D’Antoni, Darrel G. Minifie, kanye no Elsie R. Minifie yakhishwa abakwa, Continental Press. Lezizifundo zingasiza abazali, amalunga omndeni kanye noThishanansi-ke eminye imithetho elula engakusiza kumntwana wakho noma ilunga lomneni wakho.

1. Chitha isikhathi esanele ngosuku nalomuntu onalenkinga yokufunda.
2. Mbekezelele, ukhulume naye ngesineke, ngezwi eliphansi.

3. Mbekele imigomo, ngendlela emfushane nelula.
4. Qinisekisa ukuthi, lokhu othe akakwenze, uyakwenza futhi uyakuqeda.
5. Mbonge ngakho ngalokho okuncane akwenzile, ungagcizeleli nghlulekile ukwenza.
6. Mlalelisise
7. Hlala naye ukhululeke, wenze kubemnandi ukuba ndawonye.
8. Thembeka
9. Yima eqinisweni.

Sengike ngakhuluma ngokuthi inking yokungafundi iqala kuphi, njengokukhumbula izinto, njengokukhumbula okuzwile, okubonile.

Nakhu ongakwenza ukusiza abanalezinkinga.

(A) ONENKINGA YOKUHLUKANISA IMISINDO

1. Zama ukuthi umntwana wakho akwazi ukuhlukanisa umsindo wabantu nowezinto.
2. Yenza umntwana wakho ukuthi alalele umsindo wensimbi, wewashi nowesiginci.
3. Lingisa lowo msindo naye futhi alingise wena
4. Khomba iwashi, insimbi okunomsindo endlini, bese uthi akakulingise.
5. Beka etafuleni zonke izinto ezinemisindo njenge nsimbi, impempe, isando kanye nokhuni.
6. Menze aqagele ukukhala kwalezizinto.
7. Okunye ongakwenza shaya izithupha noma ushaye izandla.
8. Yenza ukuthi, umntanakho alingise lomsindo okade ukwenza.
9. Phinda phinda amagama eculo noma inkondlo emfushanyana-nje. Menze ukuthi asho wonke lamagama obuwasho emva kwakho.
10. Mchazele amagama alukhuni kuye ukuwasho, uze uneliseke ukuthi useyawaqonda.
11. Menze aphindaphinde iculo noma inkondlo aze akwazi ukusho noma ukucula lonke lelculo.

(B) ONENKINGA YOKUKHUMBULA AKUBONILE

Nazi izinto ongazenza ukusiza umntwana uma enenkinga yokukhumbula izinto azibonile.

1. Khombisa umntanakho into eyisiyingi bese uthi akathinte ngomunwe kwasakuyibhala.
2. Menze afune eyisiyingi lapho endlini. Menze ukuthi aphindaphinde edweba isiyingi.

Zama lokhu futhi:

1. Ubuhlalu
2. Ipasta
3. Izinkinobho

Hlanganisa konke lokhu ngokotini, wenze ibhengela. Yenza umntwana wakho enze elakhe naye ibhengela.

Okunye ongakwenza:

1. Beka zonke lezizinto esengike ngazibala etafuleni. Qala ngezintathu. Tshela umntwana wakho ukuthi azibuke isikhashana, mtshele avale amehlo.
2. Susa lezizinto ezisetafuleni, bese uthi akavule amehlo, mbuze ukuthi ngabe zonke izinto zisekhona etafuleni?
3. Mbuzo kaningana ukuze ubone ukuthi uyakhu, mbula yini.
4. Uma ekhumbula, mbuze ukuthi bekukungaki? Bese uyakuphindisela etafuleni bese ufaka okunye. Uma ephendula kahle qhubeka nokwandisa isibalo sezinto ezisetafuleni.

Okunye ongakwenza:

1. Yenza umntwana wakho abuke efasiteleni noma abuke izithombe.
2. Mbuzo ukuthi yini ayibonile?
3. Mbuzo futhi ukuthi, zingaki izinto azibonile?
4. Menze manje abheke umbala othile awubonile

Mlaleli, ngesikhathi esizayo ngizokufundisa okuningi ngabantu abanenkinga yokufunda. Ngikunike futhi ezinye izinto ongazenza ukuze umsize.

Namhlanje mlaleli, ngithanda –nje ukukufundela iZwi eliseBhayibhelini elikumaHubo 139:13 lithi, “Ngokuba wena uzenzile izinso zami, wangaluka esiswini sikamame” Mlaleli, ngiyathanda ukuthi wazi ukuthi, uNkulunkulu wasidala ngendlela ethandwa uye. Ukuphila nenkinga yokungakwazi ukufunda kubuhlungu. UNkulunkulu uyakwazi lokho, kunezinto ezimbili okufanele sizikhumbule:

1. Wena nomntwana wakho anisilo iphutha noma into engeyona eyemvelo. UNkulunkulu unenze ngenjongo ethile. Ivesi lika 15 lithi, “Amathambo ami ayengafihlekile kuwe. Lapho ngenziwa ekusithekeni, ngibunjwa ezindaweni ezijulileyo zomhlaba.” UNkulunkulu akalenzi iphutha.
2. UNkulunkulu uyakuthanda wena nomntwana wakho, nawowonke amalunga omndeni wakho. Uzokunika konke okudingayo ukushintsha lesisimo somntwana wakho asenze sibe isibusiso.

Ngiyabonga.

Umculo:

Nomusa: Siyabonga dadewethu Thandiwe ngesifundo esibaluleke kangaka. Mlaleli mina ngifunde okuningi kulesisifundo, ngizozama ngakho konke ukusiza emndenini nasemphakathini uma kukhona abantwana abanenkinga yokufunda.

Iqiniso impela okushiwo iZwi leNkosi ukuthi akekho omunye uwenakuphela. Ilowo nalowo wakhiwe wahluka kumunye. Sengizodedela udadewethu uPhilile eze nesifundo sakhe eqhubeka lapho egcine khona ngokwedlule. Namhlanje-ke mlaleli, sizoxoxisana nodadewethu uPhilile. Mlaleli, kunabantu-ke abakuthandayo ukwahlukana. Ngiyethemba nawe mlaleli, uke wababona abantu abanjalo njengami. Yini eyenza lababantu bahluke kwabanye abantu? Yini lena eyenza ukuthi bakujabulele ukwahlukana nabanye abantu? Awuze nendaba-ke dadewethu Philile.

Philile: Ngiyabonga dadewethu Nomusa lelithuba eningipha lona. Ngiyakubingela mlaleli egameni likaJesu iNkosi yethu. Dadewethu Nomusa ngicabanga ukuthi lokhu okushoyo inkinga yanoma imuphi umuntu. Bakhona-ke abantu abadelelayo. Abantu abangenakho ukuthula. Bayakuthanda ukulwa. Nginaso-ke isizathu esenza babenje. Nokuthi badalwe kanjani. Ukuzijwayeza akufundelwa, kuyingxenye yokuziphatha kwabo. Okunye ngicanga ukuthi, abanye abantu bayakuthokozela ukwehlukana ngoba babona kuyinto enhle.

Zimbili-ke izindlela zokuxazulula lenkinga, kungaba indlela yabo noma enye. Uma ukhuluma nabo naneyabo imibono abangashintshi kuyo. Emndenini-ke mlaleli kubakhona abantwana abathathu noma abane, bonke badalwe ngokungafani. Wena ubakhulisa ngendlela efanayo kodwa bakwamukela ngendlela ehlukene obafundisa khona. Uma sekuya esimilweni asifani.

Abanye abantu bakhulela kulesisimo sokwahlukana. Bazalwe bakhuliswa abazali abhlala ngokulwa. Bakhule ngalempilo impilo yabo yonke, ngakho-ke abayazi impilo enhle. Kangangokuthi kubaphatha kabi uma bengazange baxabana ngenxa yokungaboni ngaso linye. Phela indlela abakhule ngayo.

Ngiyacabanga ukuthi abanye baqhutshwa imimoya emibi. Abantu abakade bebona izinto ezingabonwa abanye abantu, imimoya emibi, bethakathiwe ibona abathanda kakhulu ukuphila impilo yokulwa nabanye abantu. Mlaleli, lokhu akusiwo umoya omuhle. Umoya ongcolile kaSathane. Umoya omubi odala okwehlukana.

Nomusa: Dadewethu Philile, nawe mlaleli ngiyamangala ukuzwa lokhu, engikholwayo ukuthi nabanye abalalele kuyabamangalisa. Ngabe ukhona umahluko phakathi kwalokhu ukungaboni ngasolinye, nalokhu okungaletha imiphumela emihle? Ikhona into enjalo?

Philile: Yebo dadewethu Nomusa! Ngicabanga ukuthi kufanele siqonde ukuthi kukhona ukungaboni ngasolinye, kukhona nokulwa. Uma nilwa, noma kanjani kukhona ofisa ukunqoba. Ngeke-ke kubekhona ovumayo ukuzehlisa athule, ilowo nalowo ufuna kuzwiwe yena. Kwesinye isikhathi kuba abantu abaseceleni ababhebhethela phambili ukuxabana. Kwesinye isandla, uma bobabili lababantu abaphambana ngemibono, bayakulwela ukuthi kuxazululwe lokhu ukuxabana kwabo. Bazama ngawowonke

amandla ukuthi kuhlalwe phansi kuxoxwe ngalento. Kwesinye isikhathi uma kuhlalwa phansi kuxoxwa, kuyashuba, kodwa kuqhutshekwe kuxoxiswane. Mlaleli, uyababona bobabili bayavutha ilowo nalowo unombona ohlukile komunye.

Ngamanye amazwi thina siyafunda kulababantu bobabili. Mina ngiyakuthanda lokhu okwenzeka lapha. Ingoba ngiyakuthanda ukuxazulula abangaboni ngaso linye. Kwesinye isikhathi abantu bayalwa uma kuxazululwa ingxabano yabo. Uma ukwazile ukuxazulula ingxabano uyaye uzizwele injabulo futhi unamandla.

Uma ukuxabana kuxazululeke kahle abalwayo baba nobungani obukhulu. Kungumsebenzi omkhulu ukuxazulula abantu abaxabene. Lokhu-ke mlaleli kuyenzeka emasontweni, nasemindenini yethu. Kuningi okufundwa umndeni uma umndeni uhlangene uzwana. Mlaleli, ngeke ukhululeke uma ubalekela ukuxazulula ukuxabana. Indlela oxazulula ngayo lokhu ukuxabana kungaba okuhle noma okuzoletha ukwahlukana.

Nomusa: Hayi! Siyabonga sisi incazelo enhle kangaka. Mlaleli, sesikhulumile ngabantu abakuthandayo ukwahlukana, kodwa namhlanje sesifundile izindlela zokukuxazulula. Ake senze lokhu manje. Dadewehu Philile, abantu abanezinhliziyo ezimbi benzenjani uma bebhekene nokwahlukana kwemibono?

Philile: Dadewethu Nomusa, labobantu baba nolaka, bezama phela ukuthi kube yibo abahamba phambili ngenkulumo. Abantu abanjalo bakukhonzile ukuhlasela abanye abantu. Lokho bahamba phambili ukukukwenza. Mlaleli, ngizokutshela izizathu ezintathu eziqala ukungezwani.

1. Ukubophana nize niyisane enkantolo
2. Ukuhlaselwa
3. Ukubulala

1. Ukubophana nize niyisane enkantolo:

Kusukeke ingxabano kungabanga lula ukuyixazulula phakathi kwabaxabene, bese beyidlulisela enkantolo. Lokhu-ke kubanga ukuxabana okukhulu kubantu akade bezwana. Kwesinye isikhathi banganeliseki isinqumo senkantolo, kuqhubekele phambili ukungezwani. IBhayibheli lithi, “Kumelwe thina esingamakholwa singayisani ezinkantolo kodwa, siyixazulule ngokushesha ungxabano yethu.”

2. Ukuhlaselwa:

Abanye bazama ngezindlela eziningi ukuze banqobe abalwa nabo kwesinye isikhathi babesabise. Lapho sibala ukubethuka ngenhlamba, babahlebe, kwesinye isikhathi bakhulume amazwi azobacasula. Uma abantu behleba, basuke befuna ukuthi, abanye abantu bababuke njengabo laba abaxabana nabo. Befuna futhi ukuthi, abanye abantu babone inking kulababantu njengabo. Batshela abantu konke abakwaziyo ngalababantu abaxabana nabo, banezelele nokungesilo iqiniso.

Bangena umuzi nomuzi, umndeni nomndeni, umngani nomngani, behleba ngalababantu. Lokhu mlaleli abakwenzayo kuyalimaza kakhulu. Ukulwa kujwayelekile emindenini, ikakhulukazi phakathi kwendoda nomfazi uma benezingane baze bahlukane. Udlame lwasemindenini lunzima kakhulu kanti lujwayeleke kakhulu. Lokhu kuyinkinga kuwowonke umhlaba. Kwesinye isikhathi, amadoda athukuthelela abafazi bawo aze, abashaye. Kwesinye isikhathi bayababulala.

Manje sesingena komunye umthelela odalwa ukwahlukana ngemibono, okungukubulala. Lesisenzo mlaleli simbi kakhulu futhi asiyona indlela yokuxazulula ukungaboni ngasolinye. Indlela okufanele siyenze kunokuzibulala noma ukubulalana ukuthi, sihlale phansi sixoxisane ngalinkinga esibhekene nayo.

Kufanele siqaphele mlaleli ukuthi, senzenjani ukuze kuxazululeke inkinga esinayo nabanye abantu. Ngokuxazulula ngendlela okuyiyo sokwazi ukubuyisela isithunzi nokuhlonipheka kwethu nokwalabo esingabonanga ngasolinye nabo. Emehlweni kaNkulunkulu, kufana nokuthi sibabulele abanye abantu uma sibathukuthelele, sibazonda abanye abantu.

Ngiyabonga.

Umculo:

Nomusa: Siyabonga dadewethu Philile. Sifunde okuningi, kosijabulisa uma ubuya uqhubeka nalesisifundo. Mlaleli kunesho esithi, “ Amagama amahle anenani eliphezulu, kodwa abiza kakhulu...”

Uma mlaleli ucabanga ngawo, ungathi awakhokhelwa! Asizame mlaleli namhlanje ukuthi sitshale amagama amahle kwabanye abantu namhlanje!

Namhlanje mlaleli, ebhokisini lobucwebe sizofunda amagama amahle esingawakhuluma uma kukhona ukungaboni ngasolinye. Ayi-nje ukusiza abaxabanayo kodwa nathi azosisiza. Kutholakala encwajaneni encane esihloko sayo sithi:

INCWAJANA ENCANE KANKULUNKULU YOKUKHULEKA EYENZELWE ABESIFAZANE

Kubiza ukuthi ube namandla amaningana uma ufuna ukukhuluma okuyikho njengoba kunjalo uma uzokhuluma okungeyikho. Empeleni mlaleli, kungakubiza kancane ukuthi ukhulume okuyikho. Inhlovo ithi, uma sikhuluma amazwi ayiqiniso noma izimo zinzima esibhekene nazo noma ngabe-ke azinzima kakhulu.

Amazwi ayiqiniso mlaleli, endla bubelula ubudlelwane adale nokuthi kuvunguze umoya wokuthula ozobusa njalo, kubemnandi. Kuthokozwe, kulalwe kamnandi ibuye impilo emnandi.

Ngenye indlela mlaleli, okuphambene nokubalulekile, amazwi angelona iqiniso awenzi ukuthi kuphele ukungaboni ngasolinye kodwa enza umzimba uhlale uthukile, igazi lishwaqile. Mlaleli, ukwenza okuphambene nengqondo, ukungakwazi ukwenza izinto kahle, ukuziphatha okungalungile lokho kuba umthelela wokususa ingxabano noma ukungaboni ngasolinye.

Ukuqhubeka kwamazwi angelona iqiniso kulimaza ubudlelwane, besekwanda umoya ongemnandi, kungalaleki kahle nasebusuku, imizwa ingasebenzi kahle, ingabinempilo enhle.

Into ebalulekile esingasiza ngayo impilo yethu ukuthi, sishintshe indlela esikhuluma ngayo!

Mlaleli, uyafuna uyathanda ukuthi, imilo yakho ihlale isesimweni esihle futhi kube nokuthula ebudlelwaneni bakho? IBhayibheli liyasifundisa laphaya encwadini yeZaga 16:24 ukuthi, “ Amazwi amahle anjengamakhekheba oju, amnandi emphefumulweni, ayimpiliso emathanjeni.” Mlaleli siyakukhuthaza nawe ukuthi uzame ukukhuluma amazwi amahle kwabanye abantu, uzobona ukuthi kuzokwenzekani emva kwalokho. Ngaphambi kokuthi sivale uhlelo lwanamuhla, ngicela sikhuleke:

“ Baba othandekayo, siyazi ukuthi uma kunokwahlukana, kusuke kukhona okwenzekile. Kusuke kukhona abakuqalile. Baba, sixolele ngoba ngesinye isikhathi sibanomona bese sikhuluma izinto obekungafanelanga sizisho. Sisize Baba, sifundise ukwehlukanisa okubi nokuhle. Senze Baba sibe ngabaletshi kokuthula ngoba lokhu kuyathandeka kuwe.

Amen.

Siyabonga mlaleli, siyabonga nakodadewethu abasilethele izifundo zanamuhla.

Nibuye futhi. Mlaleli sibhalele sizwe ukuthi uyasizakakala na!

Sihlangane ngokuzayo!!!!

